

NALIBALI

Kunamandla ukwazi ukubhala nokufunda!

Minyaka yonke ngoSuku Lomhlaba Lokwazi Ukufunda Nokubhala (mhla zi-8 kuMandulo) umhlaba ugubha indima edlalwa ukufunda nokubhala ezimpilweni zethu. Sisuke sikhumbula futhi ukuthi kunabantu abaningi emhlabeni wonke abangakwazi ukwenza imisebenzi elula nje kodwa ebalulekile, efana nokugcwalisa ifomu noma ukufunda imiyalelo ebhalwe ebhodleleni lomuthi, futhi abangabazi nobumnandi obutholakala ekufundeni inovel. Ziningi izizathu ezibangela ukuthi abantu bengakufundi ukufunda nokubhala, kodwa lokhu kwenzeka ikakhulu ngoba bengenakho lokho abakudingayo ukuze bakwazi ukufunda - izinsiza ezikahle, nosizo olufanele kanye nokukhuthazwa!

Literacy is powerful!

Each year on International Literacy Day, 8 September, the world celebrates the role that reading and writing play in our lives. We also remember that there are many people around the world who can't complete simple but important tasks, like filling in a form or reading the instructions on a medicine bottle, and who are never able to get lost in a novel. There are many reasons why people don't learn to read and write, but this happens mainly because they don't have what they need to learn - good resources and the right kind of help and inspiration!



Ukwazi ukufunda nokubhala akukhona nje kuphela ukwazi ukusebenzisa amakhono ayisisekelo okufunda nokubhala. Kumayelana nokuba namandla okwazi ukusebenzisela ukufunda nokubhala ukuze ufunde; ukucubungula kanye nokusho lokho esikucabangayo, okusemizweni yethu kanye nesikwaziyo; kanye nokukusebenzisela ukuthola izindlela ezahlukene zokubona umhlaba wethu.

Being literate is not only about being able to use basic reading and writing skills. It is about having the power to use reading and writing to learn; to explore and communicate what we think, feel and know; and to use it to discover different ways of seeing the world.

Izindlela ezi-4 ezilula ongeseka ngazo ukwazi ukufunda nokubhala kwezingane zakho

- Yiba isibonelo esihle. Izingane zakho zifunda ngokubonela kuwe. Kudingeka ukuthi zikubone usebenzisa ukufunda nokubhala ngezindlela ezahlukene empilweni yakho yansuku zonke.
- Hlinzeka ngezinsiza. Angeke ufunde ukufunda uma ungenakho ozokufunda, futhi angeke ufunde ukubhala uma ungenayo into ozobhala ngayo noma ozobhalela kuyo! Izingane kumele zikwazi ukuzithola kalula izincwadi ezizihlaba umxhwele, kanye namaphepha, amapensela namakhrayoni ezizobhala bese zidweba ngawo.
- Khombisa intshisekelo. Njalo uma izingane zifunda futhi zibhala, zikhuthaze ngokukhombisa intshisekelo kulokho ezikwenzayo.
- Funda kakhulu kuzwakale. Uma izingane sezikhuthazekile ukuthi zifunde zibube zibhale, zisemathubeni amaningi okuthi zibe abafundi nababhali impilo yazo yonke! Ukuzifundela kakhulu kaningi ngendlela ongakwazi ukuthi wenze ngayo, kuzifundisa amandla okushicilelwe futhi kuvulela imiqondo yazo emaqinisweni, nakulokho okungenzeka ngempela okujabulisa umqondo, nokunye okuningi. Ungathola izindaba ngezilimi eziyi-11 ku-www.nalibali.org.



4 easy ways to support your children's literacy


- Be a role model.** Your children learn from your example. They need to see you using reading and writing in different ways in your daily life.
- Provide materials.** You can't learn to read if you don't have anything to read, and you can't learn to write if you don't have anything to write with or on! Children need to be able to easily find books that interest them, and also paper, pencils and crayons to write and draw with.
- Take an interest.** Every time children read and write, encourage them by showing an interest in what they are doing.
- Read aloud.** When children are motivated to read and write, they stand a greater chance of being lifelong readers and writers! Reading aloud to them as often as you can, teaches them the power of print and opens up their minds to facts, fantasy, and much more. You can find stories in 11 languages on www.nalibali.org.

UMandulo ugcewele amathuba amaningi okugubha ukufunda, ukubhala kanye nokuxoxa izindaba. Nanka amanye awo.

Mhla zi-7-13 kuMandulo	Isondo Likazwelonke Lencwadi
Mhla zi-8 kuMandulo	Usuku Lomhlaba Wonke Lokwazi Ukufunda Nokubhala
Mhla zingama-21 kuMandulo	Usuku Lokugubha Amasiko Ahlukeno Ngokushicilelwe*
Mhla zingama-24 kuMandulo	Usuku Lwamagugu
Mhla zingama-30 kuMandulo	Usuku Lokuhumusha

September is filled with lots of opportunities to celebrate reading, writing and storytelling. Here are some of them.

7-13 September	National Book Week
8 September	International Literacy Day
21 September	Bibliodiversity Day*
24 September	Heritage Day
30 September	Translation Day



***Bibliodiversity** Ukugubha Amasiko Ahlukeno Ngokushicilelwe kuchaza ukuba nezincwadi eziningi ezahlukene ukuze lokho umuntu akuzwile ngomhlaba wonke kubhalwe phansi futhi kutholakale ngolimi lwakhe lwasekhaya kanye nangezinye izilimi. Ukuze ugubhe Usuku Lokugubha Amasiko Ahlukeno Ngokushicilelwe, kungaba njani ukuthi wabelane ngendaba yangesikhathi usemncane nomuntu okungenzeka ukuthi akayazi bese umvumela ukuthi naye abelane ngendaba nawe?

***Bibliodiversity** means having a wide variety of books available so that everyone's experience of the world is written down and available in their own language and other languages. To celebrate Bibliodiversity Day, why don't you share a story from your childhood with someone who might not know it and ask them to share a story with you.



Drive your imagination



IT STARTS WITH A STORY.
KUQALA NGENDABA EXOXWAYO.

Izimbewu Zokufunda Nokubhala!


“Ukudlala kungumsebenzi wasebuntwaneni.”

~ JEAN PIAGET, ISAZI SOKUSEBENZA KWENGQONDO YEZINGANE

Literacy Seeds!

“Play is the work of childhood.”

~ JEAN PIAGET, CHILD PSYCHOLOGIST



Bazali nabanakekeli bezingane abathandekayo, nakuba sonke singathanda ukuhlinzeka izingane zethu ngendawo ekahle kakhulu yokukhuthaza ukukhula nokuthuthuka kwazo, singase sibe nendawo elinganiselwe kuphela nezinto zokwenza le ndawo. Kulesi sihloko, sizobheka izindlela ezithile esingakha ngazo indawo ephephile, ejabulisayo izingane zakho ezingadlala futhi zifunde kuyo. Uzothola ukuthi akudingeki ngaso sonke isikhathi ukuba ulungiselele imidlalo izingane zakho ezizobamba iqhaza kuyo. Zizozicabangela ngokwazo ukuba ziziqambele imidlalo ejabulisayo ezizoyidlala.



Dear parents and caregivers of young children, while we would all like to give our children the best environment to stimulate their growth and development, we may only have limited space and resources to create this environment. In this article, we will look at some ways to create a safe, enjoyable space in which your children can play and learn. You will find that you do not always need to prepare activities for your children to participate in. They will use their imaginations to create enjoyable activities for themselves.

Izinto ezibalulekile okumele uzicabange lapho wenza izindawo zezingane:

- ✓ Kudingeka iphephe futhi ihlanzeke.
- ✓ Kudingeka ifanelane neminyaka yazo yobudala futhi ivumelane nanoma yiziphi izidingo ezikhethekile okungenzeka zinazo.
- ✓ Kufanele kube nezindawo ezilungele imidlalo yomuntu oyedwa kanye neyeqembu.
- ✓ Kufanele kube lula ukuyishintsha ilungele imidlalo ehlukahlukene.
- ✓ Kufanele kube nendawo yokugcina izinto zihlelekile ukuze kube lula ukuzithola.

Important things to think about when creating your children's spaces:

- ✓ It needs to be safe and clean.
- ✓ It must be suitable for their age and cater for any special needs they may have.
- ✓ There should be spaces for individual and group activities.
- ✓ It should be easy to rearrange for different activities.
- ✓ There should be space to keep resources in an organised way so that they are easily accessible.

Izindawo zokudlala nokufunda

Izingane zifunda okuningi ngokubukela nokuthintathinta izinto ezisendaweni ezikuyo.

Lapho zisebenzisa izinzwa ezengeziwe lapho zifunda into entsha – njengenzwa yokubona, ukuthinta, umsindo nokunye – kuba lula nakakhulu ukuba ziqonde futhi zikhumbule lokho ezikufundile. Zizokujabulela futhi ukusebenzisa lokho ezikufundile ezintweni ezintsha kalula nakakhulu.

Izindawo zokudlala zezingane zakho, kungaba ngezingaphakathi noma ezingaphandle, kufanele zikhuthaze izingane zakho ukuba zihlale indawo futhi zivivinye izinto ngezinto ezihlukahlukene ngokuphephile.

Lokhu kusho nokuthi zingase zenze indawo ezidlalela kuyo kanye nazo zibe mahliphiliphi futhi zingcole. Njengomzali nomnakekeli, khululeka ngomqondo wokuthi ingane engcolile ijabulela ukuphila futhi iyafunda! Futhi ukuzifundisa ukuba zicoce kamuva kuyisifundo esibalulekile sokuhlonipha indawo, abanye abantu kanye nazo ngokwazo. Izingane ziyakuthanda ukujabulisa abantu abadala ngokwenza imisebenzi “yabantu abadala” njengokucoca.



Spaces to play and learn

Children learn a lot through observing and interacting with things in their environment. The more senses that they use when learning something new – like the sense of sight, touch, hearing, and so on – the easier it is for them to understand and remember what they have learnt. They will also be

able to apply what they have learnt to new experiences more easily.

Your children's play areas, whether inside or outside, should encourage children to explore their environment and experiment with different resources safely.

This also means that they may make the playing space and themselves untidy and dirty. As a parent

and caregiver, be comfortable with the idea that a dirty child is enjoying life and learning! And teaching them to clean up afterwards is a valuable lesson in respecting the environment, others and themselves. Children love pleasing adults by doing “grown-up” tasks like cleaning up.



Drive your imagination

Ngaphakathi

- * Sebenzisa omata nefenisha ukuhlukanisa izindawo zokudlala ezihlukahlukene, njengezindawo zokufunda, ubuciko nezokudlala.
- * Gwema amaphaseji amade, aqondile azokwenza izingane zigijime kuwo.
- * Gwema ukuba nanoma yiziphi "izindawo ezicashile" noma izindawo lapho izingane ezingeke zibonakale kuzo ngazo zonke izikhathi.
- * Yiba nendawo ethulile lapho ingane engaba kuyo lapho ikhetha ukuba yodwa.
- * Gcina izincwadi, izinto ezithile namathoyizi endaweni ezizosetshenziswa kuyo.
- * Yiba nebhokisi lezimpahla ezindala, izinsimbi zomculo zokudlala, opopayi, amathoyizi, izikhongozelo ezindala kanye nanoma yiziphi izinto ezijabulisayo ezingenawo amachopho acijile futhi ezingeke ziphuke kalula. Vumela izingane zakho ukuba zizicabangele ngokwazo ukuze zizenzele imidlalo ehlukahlukene.



Inside

- * Use mats and furniture to outline different play areas, like spaces for reading, art and games.
- * Avoid long, straight passages that will encourage children to run.
- * Avoid having any "blind spots" or areas where children cannot be seen at all times.
- * Have a quiet area where a child can choose to be alone.
- * Store books, materials and toys in the area where they will be used.
- * Have a box of old clothes, simple musical instruments, simple puppets, toys, old containers and any interesting objects that do not have sharp edges and will not break easily. Allow your children to use their imaginations to make up games and activities.

Ngaphandle

- * Sebenzisa izinto ezake zasetsenziswa ukwenza indawo yokudlalela ejabulisayo. Isibonelo, sebenzisa amasondo ukwenza imizwingi noma izihlalo futhi angase agingqwe ayiswe ngapha nangapha.
- * Amabhakede amadala, izipuni, amakani namabhokisi kuyizinto ezikahle zokwenza imidlalo yokuzenzela. Izingane zingazisebenzisa ukwenza ngathi ziyizimoto, izindlu nezinqaba!
- * Yiba nengadi encane enezitshalo ezimbalwa okulula ukuzitshala, njengesipinashi, otamatisi namaphepha. Bonisa izingane indlela yokunakekela izitshalo futhi uzisize ukuba zinisele ingadi njalo. Lapho senivunile engadini, yenza isameshi elimnandi noma isaladi ukuze izingane zidle lokho eziye zasiza ukukutshala.
- * Beka amatafula epulasitiki nezitulo okulula ukuwacoca endaweni eflathi. Izingane zakho zingenza opopayi bobumba futhi zibafake imibala ngezinsuku ezinelanga ngaphandle. Zingahlobisa nemisebenzi yazo yobuciko ngezinto ezicwebezelayo kanye nezinye izinto okungenzima ukuzisusa.
- * Yiba nendawo yokugezela. Ubheseni wamanzi, insipho namathawula kanye nezindwangu kumele kube khona ukuze izingane zicoce amatafula, izitulo kanye nazo ngokwazo ngemva kokuba sezidlalile ngaphandle.



Outside

- * Use recycled items to make an interesting play space. For example, used tyres can be used to make swings or seats and can be rolled around.
- * Old buckets, spoons, cans and boxes are great for creative play. Children can use them to make pretend cars, houses and castles!
- * Have a small garden with a few plants that are easy to grow, such as spinach, tomatoes and peppers. Show the children how to take care of the plants and help them to water the garden regularly. Once you can harvest from the garden, make a tasty sandwich or salad so that the children can eat what they have helped to grow.
- * Place plastic tables and chairs that are easy to clean on a flat area. Your children can make clay models and paint outside on sunny days. They can also decorate their artworks with glitter and other materials that are difficult to clean up.
- * Have a wash area. A basin of water, some soap and towels and pieces of fabric should be available so that the children can clean the tables, chairs and themselves after playing outside.



Imibono eyi-5 yokugubha uSuku Lwezizwe Ngezizwe Lokufunda Nokubhala

5 ideas for celebrating International Literacy Day



Nazi izindlela eziyisihlanu zakho nezingane zakho zokubungaza uSuku Lwezizwe Ngezizwe Lokufunda Nokubhala - ngomhla ziyisi-8 kuMandulo nasemuva kwalapho!



Here are five ways for you and your children to celebrate International Literacy Day on 8 September and afterwards!

1. Fundela izingane zakho incwadi esikwayo ikhishwe futhi igcinwe ethi *Imbila yaswela umsila*. Chithani isikhathi esithile ndawonye nifaka imibala emifanekisweni. Babuze ukuthi kungani becabanga ukuthi izilwane eziningi zinezikhumba noma uboya obu-brown noma obumnyama. Bakhuthaze ukuba badwebe izithombe zabalingswa besilwane esisodwa noma ezengeziwe abasithandayo.
2. Qala iqembu lokwenza incwadi. Tholani indawo lapho nizokwenzela khona leli qembu bese nihlangana njalo ukwenza izincwadi. Mema noma ngubani othandayo! Kukhona imisebenzi eminingi yezingane nabadala - ukusika, ukuqhanela ngesitephula, ukudweba nokubhala.
3. Yenza ikhona lezindaba emtatsheni wakho wezincwadi noma emtholampilo, ekilasini ngalinye esikoleni sakho ngisho nasekhaya lakho! Sebenzisa le ndawo ekhethekile ukufunda nokuxoxa izindaba ngenyanga yonke kaMandulo.
4. NgekaMandulo, beka eceleni isikhathi esikhethekile lapho wonke umuntu emisa ukwenza noma yini amatasa ngayo bese efundela ukuzithokozisa imizuzu eyi-15. Hlalani esikhathini esifanayo usuku ngalunye bese ugqugquzela wonke umuntu ukuqhubeka nokwenza lokhu ngisho ngabe anisebenzi ndawonye njengeqembu, njengangezimpelasonto.
5. Hlela usuku lwenjabulo lomndeni olugxile ekufundeni nasekubhaleni bese umema wonke umphakathi. Hlela iziteshi ezihlukahlukene noma izizinda zokusebenzela lapho abadala nezingane bezokwazi khona ukudlala imidlalo yokushaya ihlombe noma yokweqa intambo, bezodlala imidlalo yamabhodi, ukwenza amakhadi kanye/noma amaphosta, ukudweba nokupenda, ukubhala izindaba, ukwenza opopayi, ukugqoka njengabalingswa abathile nokusebenzisa izingubo zokugqoka emdlalweni weshashalazi, ukudlala ndawonye, ukuxoxa nokufunda izindaba.

1. Read the cut-out-and-keep book *How Dassie missed getting a tail* to your children. Spend some time colouring in the illustrations together. Ask them why they think many animals have brown or black skins or fur. Encourage them to draw pictures of one or more of their favourite animal characters.





2. Start a bookmaking group. Find a space for your group to meet and then get together regularly to make books. There are plenty of jobs for children and adults - cutting, stapling, drawing and writing.
3. Set up a story corner at your library or clinic, in each classroom at your school and even in your home! Use this special place to read and tell stories throughout September.
4. During September, set aside a special time each day in which everyone stops doing whatever they are busy with and reads for enjoyment for 15 minutes. Stick to the same time each day and encourage everyone to continue doing this even when you are not together as a group, like over weekends.
5. Organise a family fun day that has a literacy focus and invite the whole community. Plan a variety of stations or activity centres where adults and children can play clapping or skipping games, play board games, make cards and/or posters, draw and paint, write stories, make puppets, dress up and use props to play together, tell stories and read stories.



Yandisa ilayibhrari yakho.

Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi- **5** ukuya kwele- **12** alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi **5**, **6**, **11** kanye nele- **12** lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi **7**, **8**, **9** kanye nele- **10** lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguqhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguqhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Grow your own library.

Create **TWO** cut-out-and-keep books

1. Take out pages **5** to **12** of this supplement.
2. The sheet with pages **5**, **6**, **11** and **12** on it makes up one book. The sheet with pages **7**, **8**, **9** and **10** on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Drive your imagination

Ngemva kwezinsuku ezimbini
ibhubesi lanquma ukuyohambamba
ehlathini. Ngeshwa, labhambaniwa enethini
lokuzingela izinyamazane.
"Sizani, ngicela usizo bo! Angikwazi
ukuphuma lapha," kumemeza ibhubesi
elethukile.



esiswini sami."

Ngizokuyeka uhambe, kodwa waphinda nje, uzobhukuda
ibhubesi laidedela igundane futhi lathi: "Namuhla
inkosi yehlathi?" kusho ibhubesi lihleka igundane.
"Yihlaya-ke leli, into encane nengawe ingayisiza kanjani
ngolunye usuku nami ngingase ngikusize."
"Ngiyaxoisa bantw, ngicela ungangibulali. Kwazi bani,
igundane ngezidladla zalo.
Ngizovele ngikugwinye nje wena," kusho ibhubesi libamba
"Yini yona le, engiphazamisa ngizilalele kamandi?
ngokucasuka.
eliziphumule. Ibhubesi lavuka futhi lamemeza igundane
ngamagatsha futhi lawela phezu kwebhubesi
emthunzini wesihlahla. Igundane elincane lakhutshwa
Ngolunye usuku ehlathini, ibhubesi elikhulu lalilele

Ngulerato Shai

Ibhubesi negundane

After a few days the lion decided
to take a walk in the jungle.
Unfortunately, he got trapped in a
deer hunter's net.
"Help, please help! I can't get out
of here," shouted the fearful lion.
"Is it the lion?" thought the
tiny mouse.

One day in the jungle, a big lion was sleeping in the shade
of a tree. A tiny mouse tripped on the branches and fell
on top of the resting lion. The lion woke up and shouted
angrily at the mouse.
"Such a tiny thing, disturbing my good sleep? I will have
you for my snack," said the lion, trapping the mouse in
his claws.
"I am so sorry, don't kill me, please. Who knows, one day I
might be useful to you," pleaded the terrified mouse.
"You must be joking! How can a tiny thing like you help the
king of the jungle?" said the lion, laughing at the
tiny mouse.
The lion released the mouse and said: "Today I will let
you go, but should this happen again, you will swim
in my stomach."

by Lerato Shai

The lion and the mouse

Ke leeto means "It's a journey". This extract from *Ke leeto* is a selection of stories, poems and illustrations that were created by the children of the Ga Phala, Modubeng, Malokela, Motloulala, Sehunyane, Shakung and Ga Masete communities of the Sekhukhune East District, Limpopo.



Igama elithi *Ke leeto* lisho ukuthi "Uhambo". Le ngxenye ethathwe kwethi *Ke leeto* iyizindaba, izinkondlo nemiboniso ehluahlukene eyaqanjwa yizingane zemiphakathi yaGa Phala, Modubeng, Malokela, Motloulala, Sehunyane, Shakung naGa Masete yaseSekhukhune East District, eLimpopo.

Get story active!

- ★ Write a short story or poem about something that happened to you or that you are interested in. Keep it somewhere safe.
- ★ After a day or two, read your story or poem. Make any changes that you think could make your story or poem more enjoyable to read. Correct any mistakes.
- ★ Draw a picture to show what your story or poem is about. Store your writing and drawing in a plastic packet or container. Add new stories, poems and drawings to your collection as often as you can.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Bhala indaba emfushane noma inkondlo ngento eyenzeka kuwe noma into oyithandayo. Yigcine iphephile ndawana-ihile.
- ★ Ngemva kosuku olulodwa noma ezimbili, funda indaba noma inkondlo yakho. Yenza noma yiluphi ushintsho ocabanga ukuthi lungenza indaba noma inkondlo yakho ijabulise nakakhulu ukuyifunda. Lungisa noma yimaphi amaphutha.
- ★ Dweba isithombe esibonisa ukuthi indaba noma inkondlo yakho imayelana nani. Gcina umbhalo nomdwebo wakho ephaketheni lepulasitiki noma entweni evalekile. Nezela izindaba, izinkondlo nemidwebo emisha kuleli qoqo lakho kani ngangokunokwenzeka.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org.



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinza isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininigwane, vakashela ku-www.nalibali.org.

Ke leeto - a journey



Ke leeto - Uhambo

Ideas to talk about: Do you enjoy drawing and writing for fun? Why do you think it is important to be able to write well? What would you enjoy writing about?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Ingabe uyakuthanda yini ukudweba nokubhala ngenjongo yokuzijabulisa? Kungani ucabanga ukuthi kubalulekile ukukwazi ukubhala kahle? Yini ongathanda ukubhala ngayo?



Drive your
imagination

Look at the picture above. Now write your own poem about birds in any language that you like.
Bheka isithombe esingenhla. Manje bhala inkandlo yakho ngezinyoni nganoma yiluphi ulimi oluthandayo.

We love birds.
Birds have two wings.
Their wings are colourful.
The beautiful wings help them to fly.
Birds are beautiful.
They fly high in the sky.
They can fly higher and higher.



The beautiful birds

by Lesuti Bakgethile



Ingundane layeka ukuxosha izintuthwane futhi lalalelisa. Lalibona ibhubesi elibhanjwe futhi laphuthuma kulo. "Bhubesi, mngani wami, khululeka, ngizokusiza," kusho ingundane elincane.
"Umncane kakhulu wena, ngeke ukwazi ukqukula le nethi," kusho ibhubesi elethukile.
"Ngicela ungiyumele ngikusize," kunxusa igundane. Igundane laqala ukuluma inethi ngamazinyo olo futhi ngokushesha lavala imbobo enkulu ngokwanele ukuba ibhubesi likwazi ukugaga umzimba walo uphume kuyo. "Ungisindisile, gundane elincane. Uwsizo. Manje usungumngani wami," kusho ibhubesi elilabulile ngenoba behamba ndawonye beya endlini yalo.

The mouse stopped chasing ants and listened carefully. He saw the trapped lion and rushed to it. "Lion, my friend, relax, I will help you," said the tiny mouse. "You are too tiny, you can't lift this net," said the terrified lion. "Allow me to help you, please," pleaded the mouse. The mouse started to bite the net with his teeth and soon opened a gap big enough for the body of the lion to crawl through. "You saved me, tiny mouse. You are useful. You are now my best friend," said the happy lion as they walked together to his house.



The bright yellow sun

by Phala Pabalelo

Welcome spring and summer!
The sun shines brightly,
Bringing out a yellow light.
The sun shines brighter.

The bright light gives us energy.
The sun supplies trees with energy.
The light brings us joy and peace.
Oh, Shiny light!

Look at the brightness in the sky!
It gives us glowing skin.
It brings a smile to our faces.




"Kunesihlahla esikhulumayo epaki, sicela ungayi laphayana," kuphendula insizwa.

"Isihlahla esikhulumayo?" kumangala uMary. Akayikholwanga le nsizwa.

"Ngifuna ukuzibonela ngokwami. Angimkholwa," kusho uMary esho ehamba eya epaki.

Waqonda ngqo esihlahleni futhi wathola abafana abathathu bejikijela amatshe esihlahleni, kodwa isihlahla sasingaphenduli. Naye waqala ukujikijela amatshe esihlahleni, kodwa asiphendulanga.

UMary wayesebona umsakazo owawushiywe ngumuntu othile eduze nesihlahla. Wabuyela emuva futhi wabatshela bonke ukuthi babezwe umsakazo, hhayi isihlahla ngoba isihlahla asikwazi ukukhuluma.





I sing in a voice that is crisp and cool like clean water.
 Ngicula ngephimbo elicwebile neliphohle njengamanzi ahlanzekile.

What does it sound like when you sing? Let's find out.

This story was specially created for Nal'ibali to spark children's potential through storytelling and reading for enjoyment.



Uzwakala kanjani uma ucula? Ake sizwe.

Le ndaba yenzelwa iNal'ibali ngokukhethekile ukuze kuvele amakhono ezingane ngokusebenzisa ukuxoxa nokufundela ukuzijabulisa.

Get story active!

- ★ Play some music that has different voices, for example, a song sung by a choir. Can you hear a deep voice? Can you hear a high voice?
- ★ Do you have a favourite singer? Draw your favourite singer and write the person's name under your drawing.
- ★ Have a singing concert with your family and friends. Each one should sing their favourite song. Or you can sing together as a group.
- ★ Practice singing our national anthem for Heritage Day on 24 September.

Yenza indaba ihlabane umxhwele!

- ★ Dlalani umculo onamazwi ahlukahlukene, isibonelo, ingoma eculwa yikwaya. Uyalizwa yini izwi elinebhesi? Uyalizwa izwi eliculela phezulu?
- ★ Unaye yini umculi omthanda kakhulu? Dweba umculi wakho omthanda kakhulu futhi ubhale igama lakhe ngaphansi komdwebo wakho.
- ★ Yenzani ikhonsathi lomculo nomndeni wakini nabangane bakho. Ngamunye kumele acule ingoma yakhe ayithandayo. Noma ningacula ndawonye njengeqembu.
- ★ Lungiselelani ukucula iculo lethu lesizwe enizolucula ngoSuku Lwamagugu ngomhla ka-24 kuMandulo.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org.



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhansi nokuzinza isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org.



Drive your imagination

Let's sing!



Asicule!

Brigotte Naicker • Ndumiso Nyoni


Ideas to talk about: Have you heard a choir or a big group of people sing? What have you noticed about the different voices that people use when they sing? What does your voice sound like when you sing?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Wake wayizwa ikwaya noma iqembu elikhulu labantu licula? Yini oke wayiqaphela ngamazwi ahlukahlukene abantu abawasebenzisayo lapho becula? Izwi lakho lizwakala kanjani lapho ucula?



I sing in a voice that is high and
clear like a kite in the wind.
Ngcila ngezwi eliphezulu nelicacile
njengekhayithi lindiza emoyeni!





I can't sing!
Mina angikwazi ukucula!

I sing in a deep and low voice
that rumbles like thunder.

Mina ngicula ngephimbo elindondayo
eliphansi eliduma njengezulu liduma.

Nkosi Sikelel' iAfrika
Nkosi Sikelel' iAfrika
Maluphakanyisw' uphondo lwayo,
Yizwa imithandazo yethu,
Nkosi sikelela, thina lusapho lwayo.

Morena boloka setjhaba sa heso,
O fedise dintwa le matshwenyeho,
O se boloke, O se boloke setjhaba sa heso,
Setjhaba sa South Afrika – South Afrika.


Uit die blou van onse hemel,
Uit die diepte van ons see,
Oor ons ewige gebergtes,
Waar die kranse antwoord gee.

Sounds the call to come together,
And united we shall stand,
Let us live and strive for freedom,
In South Africa our land.







I sing in a rich and strong voice
that is warm like a blanket.
Ngcwala ngephimbo elithokomele
njengengubo yokulala.



I can count.
Mina ngiyakwazi ukubala.





Look at the pictures below. What do you think is happening here? Write your own story based on the pictures on page 12. Give your story a title.

Bhaka izithombe ezingezansi. Ucabanga ukuthi kwenzekani! Iapha? Bhala eyakho indaba esekelwe kulezi zithombe ezintathu. Yinike isihloko indaba yakho.

“There is a talking tree in the park. Don’t go there, please,” replied the young man.

“A talking tree?” wondered Mary. She couldn’t believe the young man.

“I want to see that myself. I don’t believe him,” said Mary as she walked to the park.

She went straight to the tree and found three boys throwing stones at the tree, but the tree was not responding. She started throwing stones at the tree, but it didn’t respond.

Then Mary saw a radio that had been left by someone next to the tree. She went back and told everyone that they had heard a radio but not a tree because a tree cannot talk.



Ngolunye usku yanquma ukuya emfuleni, kodwa yahluleka ukusukuma. “Siza, siza bo!” imemeza, icela usizo kumeluleki wayo, uMnu. Nogwaja. Unogwaja wazama ukuyisiza, kodwa yayiyinkulu kakhulu. Unogwaja wahluleka ukuyiphakamisa. Indlovu yaqala ukuzisola ngokuhaha kwayo lapha ezinye izilwane zivotela ibhubesi ukuba libe inkosi yehlathi. Ibhubesi laliyisona silwane kuphela esasinamandla acishe alingane nawendlovu.

One day he decided to go to the river, but he couldn’t stand up. “Help, help!” he shouted, asking for help from his advisor, Mr Rabbit. The rabbit tried to help him, but he was too big. The rabbit couldn’t lift him up. Elephant started to regret his greediness when the other animals voted for Lion to be the king of the jungle. Lion was the only animal with the strength almost equal to that of the elephant.

How many languages do you speak? In the space below, write your own poem about the sun in a language other than English. You can say your poem to someone who can help you to write it down. Then draw or cut out and paste a picture of the sun to go with your poem.

Zingaki izilimi ozikhulumayo? Esikhaleni esingezansi, zibhalele inkondlo yakho ephathelene nelanga, ngolimi olungelona olwesiNgesi. Ungase uyisho inkondlo yakho kumuntu ongakusiza ukuba uyibhale phansi. Bese udweba noma usike ukhiphe futhi unamathisele isithombe selanga ukuba sihambisane nenkondlo yakho.



Kwasukasukela, kwakunendlovu eyayibusu
iyinkosi yehlati. Zonke izilwane zaziyesaba
indlovu ngoba yayinomthetho oqinile, futhi
yayingalokothi imamatheke kunoma ubani. Izwi
layo kwakugcina lona.
Indlovu yayenqena ukuzifunela ukudla ebusika.
Yayala ezinye izilwane ukuba ziyilithela
ukudla ngoba yona yayigula futhi ingakwazi
ukuma kahle iqonde. Izilwane zazivuma futhi
ziyiphathele ukudla zingakhonondi.
Inkosi indlovu yakudla konke ukudla
eyayikulelithwe futhi izilwane zazilokhu
ziyilithela ukudla nsuku zonke. Indlovu yakudla
konke ukudla futhi yayilokhu ikhuluphala nsuku
zonke yona ingaqapheli ngoba yayilala kancane
ngemva kokugeda ukudla.

Umzimba omkhulu wendlovu

NguKeentse Malepe

The elephant's big body

by Keentse Malepe

Once upon a time, there was an elephant that ruled as a king in the jungle. All the animals feared the elephant because he was strict, and he never smiled at anyone.

His words were always final.

Elephant was lazy to go fend for himself during winter. He ordered other animals to bring him food, as he was sick and couldn't stand up properly. The animals would comply and bring him food without complaining.

King Elephant ate all the food brought to him and the animals kept on bringing him food every day. The elephant ate all the food and got fatter and fatter each day without noticing because he dozed off after finishing each meal.



My story / Indaba yami



The talking tree

Isihlahla esikhulumayo

Makofane Marvell

A long time ago there was a girl named Mary Anne. She lived in the city, and she liked to play outside her house. There was a park with many big trees near her home.

One day, while playing outside her house, she saw two people running towards the park. She stopped playing and stared at them.

Then another pair of people came running away from the park.


"This is strange," Mary Anne mumbled. She ran to the fence next to the road. "Hey, why are you running away?" she shouted at the people who were running by.

Kudala kwakunentombazane okwakuthiwa nguMary Anne. Yayihlala edolobheni, futhi yayithanda ukudlala ngaphandle kwendlu yakubo. Eduze nakubo kwakunepaki elinezihlahla ezinkulu eziningi.

Ngolunye usuku, lapho esadlala ngaphandle kwendlu yakubo, wabona abantu ababili begijima beya ngasepaki. Wayeka ukudlala futhi wabagqolozela. Kwase kuqhamuka abanye abantu ababili begijima bevela ngasepaki.

"Kuyaxaka-ke lokhu," kusho uMary Anne ekhulumela phansi. Wagijima waya othangweni ngasemgwaqweni. "Webobhuti, nibalekani?" wamemeza abantu ababebaleka bedlula.

Ingqungquthela Yamazwi Yezincwadi Zezingane



Amazwi Children's Literature Conference

Ingqungquthela Yamazwi Yezincwadi Zezingane (Amazwi Children's Literature Conference) yabanjwa ngomhla ka-5 no-6 kuNhlanguvana 2024 eMakhanda, eMpumalanga Kapa. Sanquma ukuthumela inkulumo echaza indlela kanye nesizathu sokuthi kungani kufanele sandise ukutholakala kwezincwadi nezindaba ngezilimi ezihlukahlukene eNingizimu Afrika. Sagxila ngokukhethekile enzuzweni yokuxoxa izindaba nokuba izingane zibhale izindaba ukuze zenze izincwadi ngezilimi zomdabu zaseNingizimu Afrika ezibonisa izimo ababhali abayizingane abaye bahlangabezana nazo. Ababenikeza izinkulumo kule ngqungquthela kwakunguDkt Nompucuko Zakaza noMadoda Ndlakuse.

The Amazwi Children's Literature Conference was held on 5 and 6 June 2024 in Makhanda, Eastern Cape. We decided to submit a presentation on how we could and why we should increase access to multilingual books and stories in South Africa. We focused specifically on the value of storytelling and story writing by children to create books in indigenous South African languages that reflect the experiences of child writers. Our presenters at the conference were Dr Nompucuko Zakaza and Madoda Ndlakuse.

Kusukela ngakwesobunxele: Nadeema Musthan, Dkt Nompucuko Zakaza, Madoda Ndlakuse noCathy Gush. UNadeema noCathy bangamalungu ebhodi yeNal'ibali Trust.



From left: Nadeema Musthan, Dr Nompucuko Zakaza, Madoda Ndlakuse and Cathy Gush. Nadeema and Cathy are Nal'ibali Trust board members.

Inkulumo yabonisa izibonelo zamaphrojekthi okubhala eNal'ibali enziwe yizingane futhi enzelwa zona kanye nendlela ukubhala okwasiza ngayo lezi zingane nemindeni yakubo ukuba bazise ukubaluleka kwemidlalo yokufunda nokubhala kanye nokubhekana nobuhlungu obuye batholwa ngumndeni. Ngesikhathi sale ngqungquthela, iNal'ibali yayishicilele izincwadi ezintathu ezibhalwe yizingane: *Nganeno komlambo iQhagqiwa* (okusho ukuthi *Nganeno komfula iQhagqiwa*) ngo-2022 kanye nethi *Iingqondi zeQhagqiwa* (okusho ukuthi *Izinjulabuchopho zaseQhagqiwa*) ngo-2023 ngesiXhosa, kanye nethi *Ke leeto* (okusho *Uhambo*) ngeSipedi nangesiZulu. Thina kwaNal'ibali sikholwa ukuthi, ngokusekela izingane ukuba zibhale ngezilimi zazo zasekhaya, singakha izincwadi ezengeziwe ngezilimi zethu zomdabu ezibonisa izimo ezinhle nezikhuthazayo ngokwenhlalo nangokwesiko futhi ezinika isithombe sezingane ezimnyama zaseNingizimu Afrika.

The presentation showcased examples of Nal'ibali's writing projects by and for children and how writing helped these children and their families to appreciate the value of literacy activities and to deal with trauma that the family had experienced. At the time of the conference, Nal'ibali had published three books written by children: *Nganeno komlambo iQhagqiwa* (which means *Before you reach the Qhagqiwa River*) in 2022 and *Iingqondi zeQhagqiwa* (which means *Critical thinkers of Qhagqiwa*) in 2023 in IsiXhosa, and *Ke leeto*

(which means *The journey*) in Sepedi and English.

We at Nal'ibali believe that, by supporting children to write in their home languages, we can create more books in our indigenous languages that reflect positive and uplifting socio-cultural experiences and imagery of black South African children.



Okwenza kubaluleke ukukhuthaza izingane ukuba zibhale ngezilimi zazo ezazincela ebeleni:

- ☉ Izingane zihlola imicabango nemizwa yazo ngokudweba nokubhala.
- ☉ Imibhalo nemidwebo eyenziwa yizingane iyafaneleka ngokwesiko futhi zikwazi ukuyixoxa.
- ☉ Lezi zindaba azibizi, zihambelana neminyaka yobudala yezingane ngokwezilimi zazo zasekhaya.
- ☉ Kukhuthaza ukufunda njengokuyinto ejabulisayo nenomvuzo.
- ☉ Kugcizelela ukubaluleka, ukufaneleka, nobuhle bolimi oluncelwe ebeleni ekuvezeni izimo, umlando nesiko lomuntu womdabu okhulumayo.

Why it's important to encourage children to write in their mother tongues:

- ☉ Children explore their thoughts and feelings through drawing and writing.
- ☉ The writings and drawings that the children produce are culturally relevant and relatable.
- ☉ These stories are low-cost, age-appropriate reading materials in children's home languages.
- ☉ It promotes reading as enjoyable and rewarding.
- ☉ It affirms the importance, relevance and beauty of the mother tongue in capturing the experiences, history and culture of the native speaker.





Ukuphunyuka okuyisimanga

NguJenny Robson ■ Imifanekiso nguKaren Ahlschläger




Kwake kwaba nogundane onemigqa okwakuthiwa nguMogie. Wayehlala endlini ngaphansi kwamadwala ogwadule olunamatshe. Entwasahlobo, zonke izimbali ezinhle zaziqhakaza. Zazenza ugwadule lubukeke ngathi lwalumbozwe ngokhaphethi abamibalabala.

Ekuseni ngelinye ilanga entwasahlobo, uMogie wezwa kukhona ombizayo. "Mogie! Woza sizodlala. Ilanga lishisa kamnandi! Izimbali zama-vygie zivuleke kahle zonke!"

Kwakungumngane wakhe uGideon. UMogie wayekuthanda ukudlala noGideon. Wayeyisibankwa esinamachashaza futhi wayehlekisa kakhulu. Wayenezinzwane ezingakubulala ngensini ezibukeka njengamabhamuza amancane ezinyaweni zakhe.

UMogie walunguza ngaphandle futhi wahogela umoya ukuze ezwe ukuthi kwakuphephile yini. Wayesethi khwasha ngokushesha emzileni eya kuGideon ezimbalini zama-vygie. Ilanga laliphume kahle, futhi izimbali zivulekile. Izimbali eziphinki, eziyelo, ezinsomi nezisawolintshi zazixubene kahle.



Lapho nje uMogie efika kuGideon, uGideon wamemeza, "Baleka ngikujaha siye kuyinhlabane ebomvu, Mogie! Guqa, lindela, SUKA!" Wasuka kanjalo-ke uGideon egijima ngezinzwane zakhe ezinamabhamuza. UMogie wamjaha ngemuva, ejabulela ukushisa kwelanga okufudumele oboyneni bakhe. Lapho befika kuyinhlabane ebomvu, babuka emuva bebheka ukuba babegijime ibanga elingakanani. Ensimini yezimbali, babona isilwane esinoboya obunemisho empunga sehla siza ngakubo. KwakunguClaw, ikali lasendle elidelelayo. UClaw wayebacathamela!

"Baleka, Gideon, baleka!" kumemeza uMogie. Yena wabaleka ngokushesha kangangokunokwenzeka wayongena emzini wakhe. Lapho esephephile ngaphakathi, walunguza ukuze abone ukuthi uGideon wayephunyukile yini naye. Yebo, nanguya, enyuka edwaleni elikhulu, eyofika phezulu encochoyini. Ukwenze kanjani lokho? Kwenzeka kanjani ukuba angawi?

Kodwa ubekuphi uClaw? UMogie wabona uClaw ehleli ezansi kwamadwala, ebuka uGideon phezulu. Umsila kaClaw wawulokhu uya ngapha nangapha ngokucasuka: kwesobunxele, kwesokudla, kwesobunxele, kwesokudla.

Ngosuku okulandelayo, uMogie noGideon babehleli ezimbalini. UGideon wayejabulela ukotha ukushisa kwelanga elifudumele esikhunjani sakhe. "Kube ukuphunyuka okuyisimanga lokhuya, Gideon!" kusho uMogie. "Ukwenza kanjani lokho? Ugijima kanjani unyuke idwala eliyisicaba, uze ufike encochoyini, ungawi?"

UGideon wamamatheka futhi wadansa umdanso wezibankwa. "Yisu lesibankwa engilenza ngezinzwane zama ezinamabhamuza," esho.

"Yisu elihlakaniphe kakhulu," kusho uMogie. "UClaw wayecasuke efile ngokuthi uphunyukile. Wawubona umsila wakhe uya ngapha nangapha: kwesobunxele, kwesokudla, kwesobunxele, kwesokudla?"

Kungazelelwe, kwaba nethunzi elimnyama phezu kwezimbali ezinsomi, elivimba ilanga. UMogie noGideon babheka phezulu futhi babona uClaw ebabuka.

"Baleka!" kumemeza uMogie futhi wagijima wayengena emzini wakhe. Inhliziyo yakhe yayibhakuza kakhulu, yazwakala ngathi izophumela ngaphandle kwesifuba sakhe.

Ingabe noGideon wayephephile? Ingabe wayephunyukile? UMogie walunguza ukuze ahlale.

Kodwa akambonanga uGideon enyuka edwaleni. Waphenduka wabheka kolunye uhlangothi futhi wamemeza, "Maye babo!" UMogie wabona umhlola – uClaw wayembambe ngomsila uGideon! UMogie wazicasukela kakhulu ngokuthi wayengagadile. Wabuyela endlini yakhe futhi wakhala waze walala.



Ngakusasa ekuseni, ilanga laliphume kamnandi. Izimbali zazentwasahlobo zavula amaqabunga azo – ayelo, asawolintshi, aphinki nansomi. Kodwa uMogie wahlala endlini yakhe. Wayedabuke kakhulu futhi esaba ukuya nomaphi.

Wabe esezwa kukhona ombizayo.

"Mogie! Woza sizodlala. Ilanga liphumile kamnandi! Zonke izimbali zivulekile!"

UMogie akakholwanga yilokho ayekuzwa. KwakunguGideon ngempela lowo? Walunguza, futhi kwakunguye ngempela. UGideon wayemamatheka ngendlela yezibankwa futhi edansa ngezinzwane zakhe ezinamabhamuza!

UMogie wagijima ngokushesha waya kuye. "Ngibone uClaw ekubamba ngomsila. Uphunyuke kanjani?" ebuza.

"UClaw ubambe nje umsila wami," kusho uGideon. "Kodwa uhlulekile ukungibamba mina wonke!"

"Usho ukuthini?" kubuza uMogie. "Ngididekile."

UGideon wachaza, "Umsila wami unqamukile. Juqu! Wanyakaza futhi washayeka futhi wagoqana. Uzenzela ngokwawo! Imisila yezibankwa iyakwazi ukwenza lokho. UClaw naye wayedidekile. Wayelokhu ezama ukubamba umsila wami," uGideon ehleka. "Ngaleso sikhathi, mina bengiphephile, ngicashe ngemva kwenhlaba ebomvu. Uyabona yini ukuthi lelo yisu elihlakaniphile lezibankwa?"

"Shu! Akuzange kube buhlungu?" kubuza uMogie.

"Lutho neze," kusho uGideon. "Okuhle nakakhulu ukuthi umsila wami uzophinda ukhule. Imisila yezibankwa iyakwazi ukwenza lokho. Uyabona yini ukuthi lokho bekungukuphunyuka okuyisimanga kunakho konke?" UGideon wayebona ukuthi uMogie wayehlabekile umxhwele. UGideon wayesethi

"Ngiyagamela ngingakushiya emjahlweni ngisho noma umsila wami ungekho! Masigijime siye kuyinhlabane ebomvu!"

Kodwa kulokhu, ngaphambi kokuba baqale umjaho, uMogie noGideon baqiniseka ukuthi uClaw wayengabonwa nangokhasa. UGideon wayesememeza, "Guqa, lindela, SUKA!" Basuka bagijima.

Ababengakwazi uMogie noGideon ukuthi babephephile ngalolo suku ngoba uClaw wayengaphumanga ukuyozingela. Wayesadidekile futhi ezama ukuqonda ukuthi isibankwa siphunyuke kanjani. Futhi njengoba ayehleli ecabanga, umsila kaClaw wanyakaza ngokucasuka uya ngapha nangapha: kwesobunxele, kwesokudla, kwesobunxele, kwesokudla.

Yenza indaba ihlabane umxhwele!

- ★ Dweba isithombe sengxenywe yakho oyithanda kakhulu yale ndaba.
- ★ Ungayisho yini imibala emihlanu yezimbali ekule ndaba? Manje chaza amaphethini ahlukahlukene abalingiswa abayizilwane abanawo esikhunjani nasoboyeni babo.

- ★ Sebenzisa izinto ezindaba, ucingo, ubuhlalu nezinkinobho ukwenza opopayi abanguMogie, uGideon noClaw. Sebenzisa opopayi bakho ukulingisa le ndaba.



Drive your
imagination



The great escape

By Jenny Robson ■ Illustrations by Karen Ahlschläger

Story corner




There was once a striped mouse named Mogie. She lived in a house under some rocks in a stony desert. In the springtime, all the beautiful flowers bloomed. They made the desert look like it was covered in colourful carpets.

One spring morning, Mogie heard someone calling her. "Mogie! Come and play. The sun is shining! The vygie flowers are all open!"

It was her friend Gideon. Mogie loved playing with Gideon. He was a spotted gecko and he was so funny. He had the funniest toes that looked like little bubbles on his feet.

Mogie put her head out and sniffed the air to check if it was safe. Then she scurried across the path to Gideon in the vygie bed. The sun was out, so the flowers were open. There was a wonderful mixture of pink, yellow, purple and orange flowers.



As soon as Mogie got to Gideon, he shouted, "Race you to the red aloe, Mogie! On your marks, get set, GO!" And off Gideon ran on his bubble toes. Mogie ran behind him, enjoying the warm sunshine on her fur.

When they reached the red aloe, they looked back to see how far they had run. In the field of flowers, they saw an animal with striped fur crouching down. It was Claw, the mean wild cat. Claw was stalking them!

"Run, Gideon, run!" squeaked Mogie. She scurried back to her house as fast as she could. When she was safely inside, she peeped out to check that Gideon had escaped too. Yes, there he was, scampering up the big rocks, right to the very top. How did he do that? How did he not fall off?

But where was Claw? Mogie saw Claw sitting at the bottom of the rocks, looking up at Gideon. Claw's tail flicked crossly: left, right, left, right.

The next day, Mogie and Gideon were sitting in the flowers. Gideon was enjoying the warm sunshine on his skin. "That was a great escape, Gideon!" said Mogie. "How do you do that? How do you run up a flat rock, all the way to the top, without falling?"

Gideon smiled and did a little gecko dance. "It's a gecko trick with my bubble toes," he said.

"It's a very clever trick," said Mogie. "Claw was so cross that you got away. Did you see his tail flicking angrily: left, right, left, right?"

Suddenly, a dark shadow fell across the purple flowers, blocking out the sun. Mogie and Gideon looked up and saw Claw watching them.

"Run!" squeaked Mogie and ran to her house. Her heart was beating so fast, it felt as if it would jump out of her chest.

Was Gideon safe too? Had he escaped? Mogie peeped out to check. But she didn't see Gideon scampering up the rock. She turned the other way and shouted, "Oh no!" Mogie saw a terrible thing – Claw had caught Gideon by the tail! Mogie was so upset that she couldn't watch. She went into her room and cried herself to sleep.



The next morning, the sun was shining. The spring flowers opened their petals – yellow, orange, pink and purple. But Mogie stayed in her house. She was too sad and scared to go anywhere.

Then she heard someone calling her.

"Mogie! Come and play. The sun is shining! The flowers are all open!"

Mogie couldn't believe her ears. Was that Gideon? She peeped out, and there he was. Gideon was smiling his gecko smile and dancing on his bubble toes!

Mogie scampered to him. "I saw Claw catch you by the tail. How did you escape?" she asked.

"Claw caught my tail," said Gideon. "But he didn't catch the rest of me!"

"What do you mean?" asked Mogie. "I'm confused."

Gideon explained, "My tail came off. Right off! It moved and bounced and twisted. All by itself! Gecko tails can do that. Claw was confused too. He kept trying to catch my tail," laughed Gideon. "Meanwhile, I was safe, hiding behind the red aloe. Now isn't that a clever gecko trick?"

"Ouch! Didn't it hurt?" asked Mogie.

"Not even a little bit," said Gideon. "The best thing of all is that my tail will grow back again. Gecko tails can do that. Now wasn't that the greatest escape ever?" Gideon could see that Mogie was very impressed.

Then Gideon said, "I bet I can beat you in a race even without my tail! Race you to the red aloe!"

But this time, before they started the race, Mogie and Gideon made sure that there was no sign of Claw. Then Gideon shouted, "On your marks, get set, GO!" And off they ran.

What Mogie and Gideon didn't know was that they were safe that day because Claw wasn't out hunting. He was still confused and trying to understand how the gecko had escaped. And as he sat thinking, Claw's tail flicked crossly: left, right, left, right.

Get story active!

- ★ Draw a picture of your favourite part of the story.
- ★ Can you name the five colours of the flowers in the story? Now describe the different patterns that the animal characters have on their skin and fur.
- ★ Use old material, wire, beads and buttons to make puppets of Mogie, Gideon and Claw. Use your puppets to act out the story.



Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Nal'ibali fun



1.

UMandulo yiNyanga Yokufunda Nokubhala! Uzizwa kanjani ngokufunda nokubhala izindaba? Zama ukwenza isiqubulo esihehayo ukuze ukhuthaze abanye ukuba bazame ukufunda nokubhala izindaba nsuku zonke.

September is Literacy Month! How do you feel about reading and writing stories? Try to create a catchy slogan to inspire others to try reading and writing stories every day.

Ukufunda / Reading

Ukubhala / Writing

Izindaba / Stories

2.

Bhala phansi izindlela osebenzisa ngazo ukufunda nokubhala empilweni yakho - ekhaya kanye nasesikoleni. Nezela amaphuzo amasha ohlwini lwakho kuyo yonke iNyanga Yokufunda Nokubhala.

Write down the ways in which you use reading and writing in your life - at home and at school. Add new points to your list throughout Literacy Month.

Izindlela engisebenzisa ngazo ukufunda nokubhala empilweni yami.

The ways I use reading and writing in my life.

3.

Yiba umsheshi wamagama asendabeni ethi, *Ukuphunyuka okuyisimanga*.

Be a word detective and find these words in the story *The great escape*.

Khetha noma iliphi igama:

Choose any word:

✿ elichaza uMogie

✿ that describes Mogie

✿ elichaza uGideon

✿ that describes Gideon

✿ elichaza uClaw

✿ that describes Claw

✿ elichaza umuzwa

✿ that describes a feeling

✿ yigama lenkathi yonyaka

✿ that is the name of a season

✿ yigama lembali

✿ that is the name of a flower


✿ lokho kuchaza indlela uMogie agijime ngayo

✿ that describes how Mogie ran

.....

✿ elisha kuwe

✿ that is new to you



UNal'ibali ulapha ukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

TheNalibaliChannel

nalibaliSA

@nalibaliSA

@nalibalisa

@nalibalisa

nalibalisa

The Nal'ibali Trust

+27 64 801 5496

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Mosekola Solutions. Nal'ibali character illustrations by Rico.

UMLAZI
EYETHU

POLOKWANE
OBSERVER



Drive your
imagination

